Council for Geoscience

# UMKHANDLU WESAYENSI YOMHLABA (i-CGS)

# UKUTHUTHUKISA UUMTHETHO WOKUFINYELELWA KOLWAZI

**Incwadi Yokuchasisa Yomkhandlu Wesayensi Yomhlaba (i-CGS) ehlanganiswe ngokwesigaba se-14 Sokuthuthukisa Umthetho Wokufinyelela Ulwazi, we-2000 (i-PAIA)**

## Uhlu Lokuqukethwe

**1. IZINCAZELO** ... 4

**2. ISETHULO** ... 7

**3. IGUNYA KANYE NOBUGUGU OBUSEMQOKA BOMKHANDLU WESAYENSI YOMHLABA** ... 8

**3.1 IGUNYA** ... 8

**3.2 ubugugu Obusemqoka Bomkhandlu Wesayensi Yomhlaba** ... 9

**4. INHLANGANO YOMKHANDLU WESAYENSI YOMHLABA** ... 10

**5. UPHATHWA KOMTHETHO** ... 11

**6. IMINNINGWANE YOKUXHUMANA** ... 12

**6.1 ISIKHULU SOLWAZI KANYE NESEKELA LESIKHULU SOLWAZI** ... 12

**7. ISICELO SOKUTHOLA ULWAZI** ... 13

**8. ISICELO SABANTU ABAKHUBAZEKILE** ... 14

**9. IZIMALI EZIKHOKHWAYO** ... 14

**10. INDLELA YOKUKHOKHA** ... 15

**11. IZIZATHU ZOKWENQATSHELWA NOMA UKUHLEHLISWA KOKUTHOLAKALA KWAMAREKHODI** ... 16

**12. IZIKHALAZO** ... 17

**13. IZIGABA NOMA AMAREKHODI OKUPHETHWE YI-CGS** ... 18

**13.1 Imisebenzi Yezesayensi** ... 18

**13.2 Izinsizakalo Ezihlinzekwa yi-CGS** ... 18

13.2.1 Ukwakheka ngokwesimo komhlaba ... 19
13.2.2 Ukwakheka kwamakhemikhali omhlaba ... 19
13.2.3 Ukwakheka Kwamaminerali ... 19
13.2.4 Isayensi Yomhlaba Yobunjiniyela ... 19

13.2.5 Isayensi Yomhlaba Yamanzi ........ 20
13.2.6 Isayensi Yomhlaba Yezinhlelo Zomhlaba ........ 20
13.2.7 Isayensi Yomhlaba Yasolwandle ........ 20

**14. IZIGABA ZAMAREKHODI EZIBALWE NGEZANSI ZITHOLAKALA NGOKUZENZAKALELAYO KU-CGS NGAPHANDLE KOKUTHI OCELAYO ACELE UKUFINYELELA NGOKWE-PAIA: ........ 21**

**15. INDLELA YOKUTHOLA UKUFINYELELA KUZINSIZAKALO ZE-CGS ........ 21**

**16. IZINDLELA ZOKULUNGISA EZITHOLAKALAYO NGOKWEHLULEKA UKUHAMBISANA NEMIBANDELA YALO MTHETHO ........ 21**

**17. IUMHLAHLANDLELA WESIGABA SE-10 SOKUTHI UMTHETHO USETSHENZISWA KANJANI ........ 22**

**ISITHASISELO SOKU-1 ........ 23**

**IFOMU-A: ISICELO SOKUFINYELELA KUREKHODI LENHLANGANO KAHULUMENI ........ 23**

**ISITHASISELO SESI-2 ........ 28**

**IZIMALI EZIQONDENE NEZINHLANGANO ZIKAHULUMENI NGOKWESAZISO SIKAHULUMENI SENOMBOLO-R.187 KUSAZISO SIKAHULUMENI SE-23119 SANGOMHLA WE-15 FEBUWARI WE-2002 ........ 28**

**ISITHASILELO SESI-3 ........ 30**

**IFOMU-B: ISAZISO SESIKHALAZO SANGAPHAKATHI ........ 30**

## 1. IZINCAZELO

Kulo mhlahlandlela ngaphandle uma ingqikithi idinga okunye –

**“Imali yokufinyelela”** ichaza imali ebekelwe izinhloso zokukhiqiza kabusha, ukucinga nokulungiselela, kanye nesikhathi esidingekayo ngokwedlulele ngaphezu kwamahora abekelwe ukufuna nokulungiselela irekhodi ukuze lidalulwe;

**“Inkantolo”** ichaza –

(a) Inkantolo Yomthethosisekelo esebenza ngokwesigaba se-167 (6) (a) soMthethosisekelo weRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, we-1996; noma

(b) (i) iNkantolo Ephakeme noma enye inkantolo enesimo esifanayo; noma

(ii) Inkantolo yeMantshi, ngokuvamile noma maqondana nesigaba sezinqumo ezithile ngokwe-PAIA, eqokwe nguNgqongqoshe; ngesaziso KuGazethi futhi eholwa imantshi noma imantshi eyengeziwe eqokwe ngokwesigaba sama-91A se-PAIA, ngaphakathi kwendawo yombuso wayo –

“I-**CGS**” ichaza the Umkhandlu Wesayensi Yomhlaba

**“Isikhulu Solwazi”,** maqondana ne-CGS, sichaza Isikhulu Esingumphathi Omkhulu**;**

“**Isekela Lesikhulu Solwazi**” lichaza isikhulu esigunyazwe Isikhulu Solwazi ukuqinisekisa ukuthi izidingo ze-PAIA ziphathwa ngendlela efanele, enenjongo futhi engabandlululi;

“**Isikhulu**” maqondana nenhlangano kahulumeni noma inhlangano ezimele sichaza **–**

(a) noma yimuphi umuntu oqashwe (unomphela noma okwesikhashana okanye isikhathi esigcwele noma isikhathi esithile) inhlangano kahulumeni noma ezimele, njengoba kungenzeka, okubandakanya inhloko yenhlangano, esikhundleni sakhe esinjalo; noma

(b) ilunga lenhlangano kahulumeni noma ezimele, esikhundleni sakhe esinjalo;

**“I-PAIA”** ichaza Ukukhuthazwa Ukufinyelela Kumthetho Wolwazi, we-2000 (uMthetho Nombolo we-2000)

“**Umuntu**” uchaza umuntu wemvelo noma osemthethweni**;**

“**Ofaka isicelo somuntu siqu**” uchaza ofaka isicelo ofuna ukufinyelela irekhodi eliqukethe ulwazi lomuntu siqu mayelana nocelayo;

“**Imininingwane Yomuntu Siqu**” ichaza imininingwane yomuntu ongatholakali, okubandakanya kuphinde kungabi namkhawulo kuloku –

(a) Imininingwane ephathelene nohlanga, ubulili, ukukhulelwa, isimo somshado, ubuzwe, indabuko yobuhlanga noma yezenhlalakahle, ibala, ukuthambekela kobulili, iminyaka yobudala, inhlalakahle engokomzimba noma ngokomqondo, ukukhubazeka, inkolo, unembeza, inkolelo, usiko, ulimi kanye nokuzalwa komuntu;

(b) imininingwane ephathelene nemfundo noma umlando wezokwelapha, ubugebengu noma womsebenzi womuntu noma imininingwane ephathelene nokuhwebelana kwezezimali lapho umuntu ebandakanyeka khona

(c) ikheli, izigxivizo zeminwe noma uhlobo lwegazi lomuntu

(d) imibono yomunye umuntu ngomuntu

“**Inhlangano kahulumeni**” ichaza –

**(a)** noma yimuphi umnyango wombuso noma wokuphatha emkhakheni kahulumeni kazwelonke noma wesifundazwe noma umasipala emkhakheni wendawo; noma

**(b)** noma yimuphi omunye umsebenzi noma isikhungo lapho –

(i) esebenzisa amandla noma enza umsebenzi ngokoMthethosisekelo noma koMmthethosisekelo wesiFundazwe; noma

**(ii)** esebenzisa amandla omphakathi noma enza umsebenzi womphakathi ngokwanoma yimuphi omunye umthetho;

“**Irekhodi**” **l**ichaza noma yiluphi ulwazi oluqoshiwe –

**(a)** kungakhathalekile indlela;

**(b)** ephethwe noma engaphansi kokulawulwa kwaleyo nhlangano kahulumeni noma ezimele ngokufanele; futhi

**(c)** noma yenziwe inhlangano kahulumeni noma ezimele noma cha, ngokufanele;

“**Imithethonqubo**” ngokoKukhuthaza Ukufinyelela Kumthetho Wolwazi” loku kuchaza imithethonqubo ephathelene nokukhuthaza ukufinyelela olwazini olushicilelwe kuSaziso sikaHulumeni weNombolo ye-187 sangomhlaka-15 Febhuwari we-2002 (Isaziso sikaHulumeni seNombolo yezi-23119),

“**Ocelayo**” uchaza –

(i) noma yimuphi umuntu (ngaphandle kwenhlangano kahulumeni okukhulunywa ngayo esigabeni (a) noma (b) (i) sencazelo ″yenhlangano kahulumeni”, noma isikhulu sayo) ofaka isicelo sokufinyelela kurekhodi laleyo nhlangano kahulumeni; noma

(ii) umuntu omele umuntu okubhekiselwa kuye esigatshaneni (i);

“**Umuntu wesithathu**” uchaza noma yimuphi umuntu (okubandakanya, kodwa kungabi namkhawulo, kuhulumeni wombuso wangaphandle, inhlangano yamazwe ngamazwe noma inhlangano yalowo hulumeni noma inhlangano) ngaphandle:

(i) umfakisicelo othintekayo; kanye

(ii) nenhlangano kahulumeni.

“**Isikhalo sangaphakathi**” sichaza isikhalazo sangaphakathi kusiphathimandla esifanele ngokwesigaba sama-74 soMthetho

## 2. ISETHULO

2.1 Umthetho Wokuthuthukisa Ulwazi (weNombolo yesi-2 we-2000), wamiswa ukuze kusetshenziswe ilungelo lokutholakala kolwazi eliqukethwe esigabeni sama-32 soMthethosisekelo weRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, we-1996 (uMthetho weNombolo ye-108 we-1996). wakhishwa ngenhloso yokukhuthaza isiko lokwenza izinto obala nokuziphendulela Ezinhlanganweni Zikahulumeni kanye Nezinhlangano Ezizimele.

2.2 Isimemezelo soMthetho weSayensi Yomhlaba (uMthetho we-100 we-1993) kanye Nokuchibiyelwa kwawo (uMthetho wenombolo ye-16 we-2010) sithi imininingwane yeSayensi Yomhlaba kanye namarekhodi emininingwane i-CGS eyishicilele ngesimo samamephu, amadokhumenti kanye nezizinda-lwazi, kufanele itholakale kwabathintekayo. Le ncwajana yazisa ocelayo ukuthi angathola kanjani ukufinyelela kumarekhodi agcinwe nguMkhandlu weSayensi Yomhlaba (i-CGS).

2.3 Isigaba se-14 soMthetho we-PAIA we-2000, sidinga ukuthi zombili izikhungo zikahulumeni nezizimele zihlanganise izincwanjana ezinikeza ulwazi ngezinhlobo kanye nezigaba zamarekhodi aphethwe yilezo zizikhungo zikahulumeni nezizimele. I-CGS iyisikhungo sikahulumeni esingaphansi kwendima (b) (ii) yencazelo yesikhungo sikahulumeni esigabeni soku-1 soMthetho.

2.4 Lo mbhalo usebenza njengencwajana ye-CGS maqondana nemininingwane noma amarekhodi lapho i-CGS eyisikhungo sikahulumeni. Inikeza inkomba yamarekhodi agciniwe kanye nenqubo okudingeka ilandelwe ukucela ukufinyelela kumarekhodi anjalo njengoba kudingwa yisigaba se-14 se-PAIA.

2.5 Le ncwajana ayithathi indawo yomthetho kodwa kufanele ifundwe ngokuhambisana nomthetho. Izigaba zama-34 ukuya kuma-46 zomthetho we-PAIA zibeka izizathu zokunqatshelwa ukufinyelela olwazini. Ekucabangeleni ukuthi kunikezwe yini ukufinyelela kulwazi, i-CGS kufanele icabangele izizathu zokwenqaba ukufinyelela kulwazi ezibekwe ku-PAIA.

Isigaba 9 se-PAIA sibuye siqaphele ukuthi ilungelo lokutholakala kolwazi lincike emikhawulweni ethile efanelekile, efaka phakathi, kodwa engagcini:

- Ukuvikelwa okufanele kobumfihlo
- Ubumfihlo bezentengiselwano
- Ukubusa okusebenza ngempumelelo, okusebenza kahle nokulungile

Kufanele kuqashelwe futhi ukuthi le ncwajana yokuchasisa inikeza umhlahlandlela okufanele kubhekwe ngayo nezicelo zemininingwane yomuntu siqu.

Le ncwajana yokuchasisa ibuye ichaze nokulandelayo:

- Izizathu lapho izicelo ezinjalo zinganqatshelwa khona; futhi
- Izindlela zokulungisa ezitholakalayo kocelayo uma enqatshelwe/ehlulekile ukuthola imininingwane eceliwe.

2.6 Uma unenkinga yokusebenzisa le ncwajana, sicela uthintane nesekela lesikhulu solwazi elichazwe esigabeni se-5.1.

2.7 Ukuqashelwa komthetho olandelayo osebenzayo kufanele kucatshangelwe uma kwenziwa le ncwajana:

- UMthethosisekelo weRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, uMthetho we-108 we-1996
- UMthetho Wemibandela Eyisisekelo Yokuqashwa wama-75 we-1997
- UMthetho Wesayensi Yomhlaba we-100 we-1993
- UMthetho Wokuchitshiyela Kwesayensi Isayensi Yomhlaba we-16 we--2010
- UMthetho Wokulingana Emsebenzini wama-55 we-1998
- UMthetho Wezobudlelwano Kwezabasebenzi wama-66 we-1995
- UMthetho Wokuthuthukisa Ukufinyelela Uwazi we-2 we-2000
- UMthetho Wokuvikelwa Kwemininingwane Yomuntu we-4 we-2013
- UMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi woku-1 we-1999

## 3. IGUNYA KANYE NOKUYIGUGU KOMKHANDLU WESAYENSI YOMHLABA

### 3.1 IGUNYA

UMthetho Wesayensi Yomhlaba (uMthetho we-100 we-1993 njengoba uchitshiyelwe ngowe-2010) uyala i-CGS, Okuyisikhungo Sikahulumeni sika-3A ngokoMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi we-1999, ukuthi ukhulule imininingwane yesayensi yomhlaba kanye namarekhodi emininingwane e-CGS eshicilelwe yi-CGS. Lokhu kungaba ngesimo samabalazwe, imibhalo, kanye nezinqolobane zolwazi, futhi kufanele kwenziwe ngokuhambisana nezinqubomgomo zenhlangano.

Imininingwane nolwazi oluhambisana negunya le--CGS, kufaka phakathi kodwa kungabi namkhawulo wokulandelayo:

- Ukuhlelwa okuyisu kwesayensi yomhlaba ogwini nangaphandle kogu eNingizimu Afrika.

- Ukwenza ucwaningo lweSayensi Yomhlaba kanye nokuthuthukiswa kwezobuchwepheshe okuhlobene.
- Ukuqoqwa nokugcinwa kwayo yonke imininingwane yesayensi yomhlaba nokusebenza njengendawo yokugcina imininingwane yesayensi yomhlaba kuzwelonke.
- Ukuhlanganiswa kanye nokuthuthukiswa kwemininingwane yolwazi olunzulu noludidiyelwe lwesayensi yomhlaba, njengesayensi yokwakheka komhlaba, Imvelo Yomhlaba, Ukwakheka kwamakhemikhali omhlaba,ubunjiniyela bokwakheka komhlaba, ukwakheka komhlaba kwezomnotho, ukwakheka komhlaba wezikhathi, isayensi yemivubukulo, izinhlelo zezephethu zesayensi yokuma komhlaba wamanzi, uphenyo lokwakheka kwezobuchwephshe, ukwakheka komhlaba kwasolwandle, ukwakheka komhlaba kwamandla kazibuthe, isimo somhlaba, izingozi ezihlobene nokwakheka komhlaba, ukwakheka komhlaba kwemvelo kanye neminye imikhakha ehlobene.
- Ukuthuthukisa ukucinga, nokuxhashazwa kwanoma yimaphi amaminerali eRiphabhuliki.
- Ukucwaninga ukusabalalisa kanye nohlobo lwemithombo yamaminerali kanye nezici zokwakheka komhlaba kwemvelo zokuxhashazwa kwamaminerali esikhathini esidlule, samanje nesikhathi esizayo.
- Ukucwaninga ukusetshenziswa kwendawo engaphezulu nangaphansi komhlaba kanye nangaphansi kwesihlabathi solwandle, futhi ngokombono wesayensi yomhlaba ukweluleka izikhungo zikahulumeni kanye nomphakathi jikelele ngokusetshenziswa okunengqondo nokuphephile kwayo ngenhloso yokwenza lula ukuthuthukiswa okuqhubekayo.
- Ukuthuthukisa nokugcina umtapo wolwazi kazwelonke wesayensi yomhlaba, isikhungo sikazwelonke solwazi lwesayensi yomhlaba, indawo yokugcina yemigodi embiwe kazwelonke, izindawo zokuhlola zesimo sezwe kuzwelonke kanye nokwakheka kwamakhemikhali omhlaba namadwala awo namaminerali, umnyuziyamu wesayensi yomhlaba kazwelonke, inethiwekhi kuzwelonke wesimo somhlaba kanye nesikhungo sikazwelonke sokuhlaziya isayensi yomhlaba.
- Ukwenza uphenyo nokuhlinzeka ngezinsizakalo ezikhethekile ezinqunyelwe ezikhungweni zomphakathi nezizimele.

## 3.2 OKUYIGUGU OKUSEMQOKA KOMKHANDLU WESAYENSI YOMHLABA

Izindinganiso eziyisisekelo ze-CGS yilezi:

- **Ukusungulwa kwezinto ezintsha** – Ukukhiqiza nokusebenzisa imibono nemikhiqizo emisha edala inani.


- **Ukuhlukahlukana** – Ukwamukela isiko lokuhlanganisa elixhasa ukuguqulwa futhi eliqaphela iminikelo evela kubo bonke abathintekayo.
- **Ukuvelela** – Ukuzama ukuvelela kuzo zonke izici zebhizinisi layo.
- **Ukuziphendulela** – Ukukhuthaza ukuthembeka nokuzinikela, ukuthwala umthwalo ofanele nobunikazi.
- **Ukufunda** – Ukuthuthukisa ukufunda ngokudala ulwazi.
- **Ukuphepha, impilo kanye nemvelo** – Ukubeka phambili impilo nokuphepha kwabo bonke abasebenzi nabathintekayo ngokuhambisana nokulawulwa kwemvelo.
- **Ukuba sobala** – Ukuhlinzeka ngezinsizakalo ngokungakhethi, ngokungenzeleli, ngokulingana nangokusobala.

## 4. INHLANGANO YOMKHANDLU WESAYENSI YOMHLABA

I-oganogramu ye-CGS ichaza inhlangano yokubika kwenhlangano. Inhlangano yasungulwa ukuze isekele ukusebenza kahle, ngempumelelo nangamandla kwenhlangano futhi iqondise ukwakheka kweBhodi Labaqondisi kanye nokuphathwa kwalo.

Ithimba labaphathi abakhulu be-CGS liholwa Yisikhulu Esiphakeme Esiphethe (Isikhulu Solwazi) esihlinzeka ngombiko kuziphathimandla zezimali (iBhodi le-CGS).

**Umdwebo ongezansi ubonisa ukwakheka koMkhandlu Wezesayensi Yomhlaba**




## 5. UPHATHWA KOMTHETHO

Ngokwe-PAIA, Isikhulu Esiphakeme Esiphethe (i-CEO) Isikhulu Solwazi, futhi sinikeze umthwalo waso Kusekela Lesikhulu Solwazi okubhekiselwa kuso ngezansi ukuze kuqinisekiswe ukuphathwa okuphumelelayo kwe-PAIA ngaphakathi kwe-CGS.

## 6. IMININININGWANE YOKUXHUMANA

### 6.1 ISIKHULU SOLWAZI KANYE NESEKELA LESIKHULU SOLWAZI

Ngezansi imininingwane yokuxhumana Yesikhulu Esiphakeme Esiphethe soMkhandlu Wesayensi Yomhlaba, Oyisikhulu Solwazi esiqokiwe

| ISIKHULU SOLWAZI | |
|---|---|
| Amagama Aphelele | Mnu. Mosa Mabuza<br>Isikhulu Esiphakeme Esiphethe |
| Ikheli le-Imeyili | info@geoscience.org.za |
| Inombolo Yocingo | 012 841 1020 |
| Ikheli Leposi | Private Bag X112<br>Pretoria<br>0001 |
| Ikheli Lendawo | 280 Pretoria Road<br>Silverton<br>Pretoria<br>0184 |

6.2 Ngokuhambisana nezinhlinzeko zoMthetho, Isikhulu Solwazi sigunyaze umuntu olandelayo njengeSekela Lesikhulu Solwazi. Uma wenza isicelo, sicela usithumele Esikhulwini Solwazi Lomphakathi esilandelayo.

| ISEKELA LESIKHULU SOLWAZI | |
|---|---|
| Amagama Aphelele | Karabo Mphuthi<br>Isikhulu Solwazi Lomphakathi |
| Ikheli le-Imeyili | info@geoscience.org.za<br>data@geoscience.org.za |
| Inombolo Yocingo | 012 841 1025 |
| Ikheli Leposi | Private Bag x112,<br>Pretoria,<br>0184 |
| Ikheli Lendawo | 280 Pretoria road<br>Silverton<br>Pretoria |

## 7. ISICELO SOKUTHOLA ULWAZI

7.1 Ocelayo kumele axhumane Nesekela Lesikhulu Solwazi ku-info@geoscience.org.za ukufaka isicelo sokufinyelela kurekhodi.

7.2 Ocelayo kumele aphrinte ifomu-A lesicelo elisemthethweni, elifakwe lapha njengeSithasiselo soku-1 futhi elitholakala ekhasini le-CGS, www.geoscience.org.za noma ehhovisi le-CGS sekhelini okukhulunywe ngalo esigabeni sesi-5

7.3 Ocelayo kumele anikeze ulwazi olwanele kwifomu lesicelo ukuvumela iSekela leSikhulu soLwazi ukuthi likwazi ukubona amarekhodi aceliwe.

7.4 I-CGS izokwamukela ukutholakala kwesicelo ngokubhala, zingakapheli izinsuku eziyishumi nane (14) ngemuva kokutholwa kwaso, futhi izokweluleka zingakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu (30) ngokuthi ngabe imininingwane eceliwe iyatholakala noma iyafinyeleleka nokuthi ocelayo angayithola kanjani futhi kuphi.

7.5 Uma ocelayo engatholi isaziso sokutholwa esibhaliwe zingakapheli izinsuku eziyishumi nane (14) ocelayo kufanele athintane neSekela Lesikhulu soLwazi ukuze aqinisekise ukuthi isicelo sitholiwe.

7.6 Ocelayo kufanele futhi asho ukuthi ngabe ufisa ukwaziswa ngesinqumo esiphathelene nesicelo nganoma iyiphi enye indlela futhi asho indlela yokuxhumana ayithandayo futhi anikeze imininingwane edingekayo.

7.7 Uma isicelo senziwa egameni lomunye umuntu, ocelayo onegunya kumele anikeze isizathu futhi anikeze ubufakazi bokuthi wenza isicelo ngalelo gunya futhi anikeze i-CGS imvume ebhaliwe evela kocelayo oyinhloko. Lokhu kufanele kwenziwe ngokwaneliseka okuzwakalayo kweSekela leSikhulu soLwazi.

7.8 Uma imininingwane eceliwe itholakala futhi ifinyeleleka, Isekela Lesikhulu Solwazi kufanele limazise ocelayo (ngaphandle komuntu ocelayo) nge-imeyili, edinga ocelayo akhokhe imali ebekiwe (uma ikhona) ngaphambi kokuqhubeka nokucubungula isicelo.

7.9 Isekela Lesikhulu Solwazi ngokuthumela i-imeyli, lizokwazisa abantu besithathu zingakapheli izinsuku ezingama-21 sitholiwe isicelo. I-CGS izocabangela ukwabelana ngokufinyelela kurekhodi, bese inikeza igama localayo kumuntu wesithathu bese isho kumuntu ocelayo ukuthi umuntu wesithathu angasenqaba isicelo noma anikeze imvume ebhaliwe kungakapheli izinsuku ezingama--21

7.10 Ocelayo isicelo sakhe sokufinyelela kurekhodi esamukelwe kufanele akhokhe imali yokufinyelela ukuze akhokhele ukukhiqizwa kabusha, ukucingwa nokulungiselelwa kwamakhophi noma ukuhwebelana kokuqukethwe yirekhodi eliceliwe kanye nesikhathi esidingekayo sokucinga nokulungiselela irekhodi ukuze lidalulwe.

7.11 Ngemuva kokuthola imali ebekiwe, i-CGS izohlinzeka ngerekhodi kofake isicelo ngohlelo alucelile kwifomu lesicelo, noma ngohlelo irekhodi eliyilo, uma ngohlelo oluceliwe lungatholakali.

7.12 Uma irekhodi eliceliwe liqukethe ulwazi olungeke lwabiwe, i-CGS izokwabelana kuphela ngolwazi oluseyirekhodi olungabiwa

7.13 I-CGS, uma sekwenziwe isicelo sokubhaliswa noma sokudluliswa kwamarekhodi, ingandisa isicelo sibe yizinsuku ezingama-30, uma kuthatha isikhathi eside ukuhlinzeka ngolwazi ngenxa yobuningi noma ubunzima bokuluthola.

7.14 Uma isicelo sokufinyelela kurekhodi senqatshelwe, sibekelwe isikhathi eside noma sinikezwe ngemali engenangqondo noma ngendlela engamukeleki enhlanganweni kahulumeni kundima-(b), yesigaba sama-78 (2) somthetho sinika ocelayo amandla okufaka isicelo enkantolo sokuthola usizo olufanele zingakapheli izinsuku ezingama--30 ngemuva kokuthathwa kwesinqumo.

7.15 Uma inkantolo yomthetho iyala i-CGS ukuba inikeze ocelayo ukufinyelela kumarekhodi aceliwe, ocelayo kufanele akhokhe imali yokufinyelela ngaphambi kokuba anikezwe ukufinyelela kumarekhodi anjalo.

## 8. ISICELO SABANTU ABAKHUBAZEKILE

8.1 Uma inkantolo yomthetho iyala i-CGS ukuba inikeze ocelayo ukufinyelela kumarekhodi aceliwe, ocelayo kufanele akhokhe imali yokufinyelela ngaphambi kokuba anikezwe ukufinyelela kumarekhodi anjalo. Isekela Solwazi lizobe seligcwalisa ifomu egameni locelayo bese linikeza ocelayo ikhophi yefomu eligcwalisiwe (Isigaba se-18 (3)).

8.2 Isikhulu Solwazi sizolekelela ocelayo ekuhambisaneni nezidingo ezibalwe ngenhla zokucela ukufinyelela olwazini, kubandakanya nokudlulisela ocelayo kwenye inhlangano kahulumeni, uma kubonakala ukuthi isicelo solwazi bekufanele ngabe senziwe, kuleyo nhlangano kahulumeni (Isigaba se-19).

## 9. IZIMALI EZIKHOKHWAYO

Izimali ezilandelayo zibekiwe emthethweni futhi kufanele zikhokhwe ocelayo ngaphambi kokuba abantu okuxhunywana nabo be-CGS benze noma yimaphi amarekhodi atholakale kocelayo.

Imali yesicelo ekhokhwa yilowo nalowo ocelayo, ngaphandle kocelayo ozimele, okukhulunywa ngaye kumthethonqubo we-7 (2) ngama-R35,00

Kunezinhlobo ezimbili zemali ekhokhwayo ngokomthetho (isigaba sama- 22) okungukuthi:

Imali yesicelo kanye nemali yokufinyelela. Kungadingeke ukuthi kukhokhwe imali yokufinyelela kumarekhodi ngokuya nge-PAIA. Lezi zimali zenzelwe okulandelayo:

9.1 Imali yesicelo – Ocelayo, ofuna ukufinyelela kurekhodi eliqukethe imininingwane yomuntu siqu mayelana nocelayo, akudingeki akhokhe imali yesicelo. Wonke omunye umuntu ocelayo, ongeyena umuntu ocela ngomunye umuntu, kufanele akhokhe imali enqunyiwe yokufaka isicelo.

9.2 Imali yokufinyelela – Uma isicelo samukelwe, imali yokufinyelela kufanele ikhokhelwe ukukhiqizwa kabusha kwamarekhodi kanye nesikhathi esingaphezu kwehora elilodwa sokucinga nokulungiselela amarekhodi ukuze adalulwe. Lapho isikhathi sokulungiselela amarekhodi ukuze adalulwe kungenzeka sidlule amahora ayisithupha, kungadingeka imali yesibambiso ekhokhwayo yokufinyelela njengesibambiso.

- Isekela Lesikhulu Solwazi kufanele lazise ocelayo ngezindlela ezifanele, okudingeka ukuthi ocelayo akhokhe imali ebekiwe (uma ikhona) ngaphambi kokuqhubeka nokucubungula isicelo.
- Imali yesicelo ekhokhwa ezikhungweni zikahulumeni ingama-R35.
- Ngemva kokuba Isekela Lesikhulu Solwazi lithathe isinqumo ngesicelo, lowo ofake isicelo kufanele aziswe ngesinqumo esinjalo ngendlela ecelwa yilowo ocelayo.
- Uma isicelo samukelwe, kufanele kukhokhwe imali yokufinyelela ekhokhelwa ukucingwa, ukulungiselelwa, ukukhiqizwa kabusha kanye nanoma yisiphi isikhathi esidlule emahoreni abekiwe okucinga nokulungiselela irekhodi ukuze lidalulwe.
- Uma imali ikhokhwe maqondana nesicelo sokufinyelela okwenqatshelwe, Isekela Lesikhulu Solwazi le-CGS lizobuyisela imali kuloyo ofake isicelo.

## 10. INDLELA YOKUKHOKHA

Imininingwane yokukhokha ingatholakala ngezansi (akukho ukukhokha ngamakhadi okuthenga ngesikweletu okwamukelwayo). Kumele kunikezwe ubufakazi bemali ekhohiwe.

- Imali yokufinyelela kufanele ikhokhwe ngaphambi kokuba unikezwe ukufinyelela kurekhodi eliceliwe. Uma isicelo sokufinyelela siphumelele, kungadingeka imali yokufinyelela ukuze kucingwe, kukhiqizwe kabusha futhi/noma kulungiselelwe irekhodi futhi izobalwa ngokususelwa Ezimalini Ezibekiwe njengoba kubekiwe kuSithasiselo sesi- 2.

10.1 **I-CGS izokwamukela ukukhokha ngezindlela ezilandelayo**

- Ukufakwa ngokuqondile
- Ukudluliswa kwezimali nge-elekthronikhi
- Amasheke angadluliseki lapho isikhathi sokuxazulula sezinsuku ezingu-10 kufanele sivunyelwe

10.2 **IMINININGWANE YEBHANGE**

Ibhange: **Nedbank Limited**

Igama le-akhawunti: **uMkhandlu Wesayensi Yomhlaba**

Inombolo ye-akhawunti: **1644294486**

Ikhodi yegatsha: **198765**

## 11. IZIZATHU ZOKWENQATSHELWA NOMA UKUHLEHLISWA KOKUTHOLAKALA KWAMAREKHODI

11.1 Isekela Lesikhulu Solwazi, ngaphandle kweminye imibandela yomthetho, uyokwenqaba isicelo semininingwane noma irekhodi uma leyo mininingwane noma irekhodi liphathelene:

- Nokuvikelwa okuphoqelekile kobumfihlo bomuntu wesithathu ongumuntu wemvelo, okubandakanya ukudalulwa okungafanele kwemininingwane yomuntu siqu salowo muntu wemvelo;
- Nokuvikelwa okuphoqelekile kolwazi lwezohwebo lomuntu wesithathu uma irekhodi liqukethe:
  - Ukudalulwa kwemininingwane yezezimali, yezohwebo, yesayensi noma yezobuchwepheshe kungenzeka kulimaze izintshisekelo zezezimali noma zezohwebo zalowo muntu wesithathu.
  - Imininingwane enikezwe ngokuzethemba ngumuntu wesithathu ku-CGS, uma lokho kudalulwa kungabeka lowo muntu wesithathu engcupheni ezingxoxweni noma kwezinye izingxoxo noma ukubandlulula umuntu wesithathu ezingxoxweni zezohwebo.
  - Ukuvikelwa okuphoqelekile kolwazi oluyimfihlo lwabantu besithathu uma kuvikelwe ngokwemibandela yanoma yisiphi isivumelwano.
  - Ukuvikelwa okuphoqelekile kokuphepha kwabantu nokuvikelwa kwempahla.

11.2 Isekela Lesikhulu Solwazi lingasenqaba isicelo solwazi noma irekhodi uma lolo lwazi noma irekhodi liphathelene nemisebenzi yezohwebo ye-CGS engabandakanya –

- Izimfihlo zokuhweba ze-CGS
- Ulwazi lwezezimali, lwezohwebo, lwesayensi noma lwezobuchwepheshe, ukudalulwa kwalo okungenzeka kulimaze izintshisekelo zezezimali nezohwebo ze-CGS.
- Ulwazi, uma lungadalulwa, lungabeka i-CGS esimeni esibi.
- Uhlelo oluphethwe yi-CGS futhi oluvikelwe yilungelo lobunikazi.
- Ulwazi olumayelana nocwaningo olwenziwa noma oluzokwenziwa yi-CGS noma egameni layo, ukudalulwa kwalo okungenzeka kuveze i-CGS noma umuntu owenza noma ozokwenza ucwaningo egameni le-CGS noma isihloko socwaningo ukuze kuzuzwe okukhulu.
- Umbono, iseluleko, umbiko noma iziphakamiso ezitholakele noma ezilungiselelwe, noma ukulandisa kwengxoxo yokubonisana noma ukubonisana okwenzekile, kubandakanya kodwa kungabi namkhawulo kumaminithi omhlangano, ngenhloso yokusiza ekwakheni inqubomgomo yokuthatha izinqumo ekusebenziseni amandla noma ukufeza umsebenzi onikezwe noma obekwe ngumthetho.

11.3 Uma ukufinyelela kurekhodi kuhlehlisiwe, Isekela Lesikhulu Solwazi kufanele lazise ocelayo zingakapheli izinsuku ezingama-30. Ocelayo kufanele anikeze izizathu zokuthi kungani imininingwane kufanele idalulwe ngaphambi kosuku oluhlongozwayo.

## 12. IZIKHALAZO

- Uma ocelayo enganelisekile ngesinqumo Sesekela Lesikhulu Solwazi noma ukwenqatshelwa kwesicelo, ocelayo unelungelo lokufaka isikhalazo sangaphakathi maqondana nesinqumo noma ukwenqatshwa okwenziwe.

- Isikhalazo sangaphakathi kufanele sibhalwe phansi ngokusebenzisa ifomu elifakwe lapha elibhalwe "Isithasiselo sesi-3" (Ifomu-B), elingatholakala nakuwebhusayithi ye-CGS.

- Ocelayo kufanele achaze izizathu zokudlulisa isikhalazo mayelana nerekhodi ngalinye elifunwayo. Isikhalazo sangaphakathi kufanele ngokuvamile sifakwe zingakapheli izinsuku ezingamashumi ayisithupha (60) zokuthola isinqumo Sesekela Lesikhulu Solwazi, noma usuku ukwenqatshwa okwenziwe.

- Isikhalazo kufanele sifakwe mathupha noma nge-imeyili noma ngeposi kuSekela Lesikhulu Solwazi, imininingwane yalo ichazwe ngokuningiliziwe kusigaba se-6.1 ngenhla. Isekela Lesikhulu Solwazi lizobe selidlulisela isikhalazo socelayo, kanye nezizathu zesinqumo sakhe kuziphathimandla ze-CGS ezifanele ukuze kuthathwe isinqumo.

- Uma ocelayo engakatholi isaziso sokutholwa kwesikhalazo zingakapheli izinsuku eziyishumi nane (14) ocelayo kufanele axhumane neSekela Lesikhulu Solwazi ukuqinisekisa ukuthi isikhalazo sitholwe yi-CGS.

- Uma ocelayo enganelisekile ngesinqumo sesiphathimandla se-CGS esifanele, ocelayo angafaka isicelo sokuthola usizo enkantolo.

## 13. IZIGABA NOMA AMAREKHODI APHETHWE YI-CGS

I-CGS iphethe amarekhodi alandelayo:

### 13.1 Imisebenzi Yezesayensi

- Amaminerali Namandla
- Ingqalasizinda Nokusetshenziswa Komhlaba
- Amanzi Nemvelo
- Imithombo Yezesayensi
- Ukuphathwa Kolwazi
- Izinsizakalo Zezobuchwepheshe
- Izinsizakalo Zezokuhlaziya

### 13.2 Izinsizakalo Ezihlinzekwa yi-CGS

#### *13.2.1 Imvelo Yomhlaba*

- Ukuhlolwa kwasemoyeni (ubuningi obukhulu)
- Ukufanekisa Nokuhumusha
- Izinhlolovo zokwaphansi (zonke izindlela)
- Ukunqunywa kwezinto ezibonakalayo
- Izilinganiso zokwakheka komhlaba kwamandla kazibuthe
- Ukuvuselelwa kwemininingwane yakudala
- Ukuhlolwa kwamanzi angaphansi komhlaba (ukwakhiwa kwemigodi embiwe)
- Ukuhlelwa kwesikhatha sokungcoliswa kwamanzi angaphansi komhlaba

*13.2.2 Umumo womhlaba*

- Ukuhlola izingozi zomumo womhlaba
- Ukuhlola ubungozi bomumo womhlaba
- Ucwaningo lomumo womhlaba ekuphepheni ezimayini
- Ukusebenza Kwenethiwekhi Kazwelonke Yokuzamazama Komhlaba YaseNingizimu Afrika (i-SANSN)
- Ukuhlanganyela Esivumelwaneni Esivimbela Ukuhlolwa Kokusebenza Kwezikhali Zenuzi Ezinhlobonhlobo

*13.2.3 Ukwakheka kwamakhemikhali omhlaba*

- Ukuhlelwa kwesifunda kwamakhemikhali omhlaba kugridi yobukhulu bamasampula esihlabathini esisodwa (noma ukwakheka kwenzika kwasemifuleni) nge-km2 ngalinye. Amasampula ahlaziywa ku-*X-Ray Foonterence Spectrometer* ngasikhathi esisowa (i-SXRF) njenge-As, i-Ba, i-Co, i-Cr, i-Cu, i%- le-Fe2O3T, i-% le-MnO, i-Nb, i-Ni, i-Pb, i-Rb, i-Sb, i-Sc, i-Sn, i-Sr, i-% le-TiO2, i-Th, i-U, i-V, i-W, i-Y, i-Zn kanye ne-Zr.
- Kuhlelwa imikhuba yesifunda yekhemikhali yezwe.
- Ukuvela kweziqu zensimbi zobukhulu obuncane kuya kobuphakathi kuyabonakala.

*13.2.4 Ukwakheka Kwamaminerali*

- Ukuhlela nokuthatha amasampula emithonjeni yensimbi
- Ukuchazwa Kwamaminerali Nokungokomzimba
- Imibiko yemithombo yamaminerali nezinhlelo zezinhloso ezithile
- Ukulekelela abasebenza ezimayini ezincane
- Amaminerali ezimboni
- Ukugcinwa kwezizindalwazi ze-MINININGWANE ESEMQOKA naMALAHLE
- Ukugcinwa kwesizindalwazi se-SAMINDABA semithombo yamaminerali

*13.2.5 Isayensi Yomhlaba Yobunjiniyela*

- Ubuchwepheshe bezobunjiniyela-bomhlaba nobuchwepheshe bomhlaba
- Uphenyo lwezobunjiniyela nokwakheka komhlaba okuhloswe kulo amadamu nokuphepha kwamadamu, imigudu, iziteshi zokumpompa kanye nemithombo
- Uphenyo lwezinto zokwakha
- Uphenyo lokuzinza kokuthambekela
- Izinhlelo Zokwakha noma Zokuthuthukiswa Kwamadolobha
- Inqolobane Yolwazi Yobunjiniyela Bokwakheka Komhlaba (i-*ENGEODE*)

- Ukuhlelwa Kwesifunda kobunjiniyela bokwakheka komhlaba
- Ucwaningo olugxile ekuqondeni indawo eyidolomayithi kanye nokungaguquguquki kwayo

*13.2.6 Isayensi Yomhlaba Yamanzi*

- Ukuhlela nokuhlola izinhlelo zokuhlinzeka ngamanzi ezindaweni zasemakhaya
- Ukuhlolwa kwemithombo yamanzi angaphansi komhlaba (ukulinganisa, ukunqunywa kokugeleza kanye nocwaningo lwezinga lamanzi)
- Ucwaningo lokusimama kwamanzi angaphansi komhlaba kokubili emithonjeni nasezinhlelweni zokuhlinzekwa kwamanzi
- Ukulawulwa kwemithombo yamanzi angaphansi komhlaba, okubandakanya nokuhlola
- Ukufanekiswa kokuhanjiswa kwamanzi angaphansi komhlaba nokungcoliswa
- Ukulawulwa kokungcoliswa kwamanzi angaphansi komhlaba (isib. Umthelela wezimayini, kanye nezikhungo zemfucumfucu nokuthuthwa kwendle)
- Ukuhlelwa kwamanzi omhlaba
- Imibiko Yohlelo Lokuphathwa Kwemvelo (ama-EMPR)
- Izinsizakalo zokumba ezikhethekile zezemvelo (izindlela eziqondile zokukhipha, kanye nokuthatha amasampula egesi namanzi)

*13.2.7 Isayensi Yomhlaba Yezinhlelo Zomhlaba*

- Uphenyo lwezemvelo
- Ukuhlolwa Komthelela Wezemvelo
- Izinhlelo Zokulawulwa Kwemvelo Emayini
- Uphenyo lokungcoliswa
- Ukuhlolwa kobungozi
- Izinsizakalo zaselebhu
- Ukuhlolwa ukuhluma kwe-Beshi neKhayinethikhi

*13.2.8 Isayensi Yomhlaba Yasolwandle*

- Ukuhlolwa kwezinto eziphilayo zasolwandle
- Ukuhlela eduze nogu kanye namashalofu ezwekazi
- Ukuhlola imithombo yamaminerali asindayo, amadayimane, iphothashi nefosifethi
- Ukuhlolwa Komthelela Wezemvelo (ama-EIA)
- Ukuhlolwa Kokukhinyabezeka
- Ukuhlolwa kwendawo yobunjiniyela basolwandle
- Ukuguquguquka kokwakheka kwenzika ogwini nasezizalweni

- Ukuhlolwa kwesayensi ngokutshuza

## 14. IZIGABA ZAMAREKHODI EZIBALWE NGEZANSI ZITHOLAKALA NGOKUZENZAKALELAYO KU-CGS NGAPHANDLE KOKUTHI OCELAYO ACELE UKUFINYELELA NGOKWE-PAIA:

- Imininingwane efakwe kuwebhusayithi ye-CGS
- Izincwajana zolwazi
- Amapheshana
- Amaphosta okukhangisa
- Amaphepha ezindaba
- Ezinye izinto zokumaketha nezokuxhumana ezihlobene nemisebenzi nezinsizakalo ze-CGS.
- Imibiko yabezindaba
- Izinhlelo zamasu
- Imibiko yonyaka
- Imininingwane yasebhange (Ezezimali kanye Nomgcinimafa)
- Imininingwane Ngamathenda

## 15. INDLELA YOKUTHOLA UKUFINYELELA KUZINSIZAKALO ZE-CGS

Izinsizakalo ze-CGS zitholakala ngefomu lokufaka isicelo elisemthethweni. Imininingwane eyengeziwe yokuthi ungafinyelela kanjani kuzinsizakalo ze-CGS ingatholakala kuwebhusayithi ye-CGS, okungukuthi, u-www.geoscience.org.za kanye nengosi yethu yemininingwane engu-maps.geoscience.org.za ocelayo angathumela i-imeyili ku-info@geoscience.org.za/ data@geoscience.org.za.

## 16. IZINDLELA ZOKULUNGISA EZITHOLAKALAYO NGOKWEHLULEKA UKUHAMBISANA NEZINHLINZEKO ZALO MTHETHO

Noma yimuphi ocelayo onganelisekile nganoma yisiphi isinqumo esiphathelene nesicelo sokufinyelela kurekhodi le-CGS angathintana neNkantolo Ephakeme noma enye Inkantolo enesimo esifanayo ukufuna usizo.

## 17. UMHLAHLANDLELA WESIGABA SE-10 WOKUTHI UMTHETHO USETSHENZISWA KANJANI

Sicela uqondise noma yimiphi imibuzo ephathelene nomhlahlandlela wokusebenzisa umthetho ku-:

| UMLAWULI WOLWAZI (ININGIZIMU AFRIKA) | |
|---|---|
| **Ikheli Leposi**<br>P.O Box 31533<br>Braamfontein<br>Johannesburg<br>2017 | **Ikheli Lendawo:**<br>JD House<br>27 Stiemens Street<br>Braamfontein<br>Johannesburg |
| **Iwebhusayithi:**<br>https://www.inforegulator.org.za<br><br>**Ama-imeyili**<br>PAIAComplaints@inforegulator.org.za<br>POPIAComplaits@inforegulator.org.za<br>enquiries@inforegulator.org.za | |

**ISITHASISELO SOKU-1**

Council for Geoscience

**IFOMU-A: ISICELO SOKUFINYELELA KUREKHODI YENHLANGANO KAHULUMENI**

(Isigaba se-8 (1) soMthetho Wokuthuthukisa Ukufinyelela Ulwazi, we-2000 (uMthetho weNombolo yesi-2 we-2000)

A. **Imininingwane yenhlangano kahulumeni**

Ukunakwa ______________________________________________

**Isikhulu Solwazi/Isekela Lesikhulu Solwazi**

B. Imininingwane yomuntu ocela ukufinyelela kurekhodi

| | |
|---|---|
| *(a)* | *Imininingwane yomuntu ofaka isicelo sokufinyelela kurekhodi kumele inikezwe ngezansi.* |
| *(b)* | *Nikeza ikheli kanye/noma inombolo yefeksi kuRiphabhuliki lapho ulwazi kufanele luthunyelwe khona, noma lunikezelwe.* |
| *(c)* | *Ubufakazi bamandla okufakwa kwesicelo, uma kusebenza, kufanele bufakwe* |

Amagama aphelele nesibongo:______________________________________

Inombolo kamazisi: ______________________________________

Ikheli Leposi: ______________________________________

______________________________________________

Inombolo yefeksi: ____________________ Inombolo yocingo: ________________

Ikheli le-imeyli: ______________________________________

Amandla okucelwe ngawo, uma kwenziwa egameni lomunye umuntu:______________

__________________

C. **Imininingwane yomuntu okwenziwe isicelo egameni lakhe**

*Lesi sigaba kumele sigcwaliswe kuphela uma ngabe isicelo solwazi senzelwa omunye umuntu.*

Amagama aphelele nesibongo: ______________________________________

Inombolo kamazisi: ______________________________________

D. **Imininingwane yerekhodi**

*Nikeza imininingwane ephelele yerekhodi okucelwa ukufinyelela kulo, okuhlanganisa inombolo yereferensi uma yaziwa, ukuze irekhodi likwazi ukutholakala*

1. Incazelo yerekhodi noma ingxenye yerekhodi efanele:

______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________

2. Inombolo yereferensi, uma ikhona: ____________________________________

3. Noma yimiphi eminye imininingwane yerekhodi: ____________________________

E. **Izimali Ezikhokhwayo**

| | |
|---|---|
| *a)* | *Isicelo sokufinyelela kurekhodi, sizocutshungulwa kuphela ngemuva kokukhokhwa kwemali yesicelo.* |
| *b)* | *Uzokwaziswa ngenani okumele likhokhwe njengemali yesicelo.* |
| *c)* | *Imali ekhokhwayo yokufinyelela kurekhodi incike ekutheni irekhodi lifunwa kanjani kanye nesikhathi esidingekayo sokucinga nokulungiselela irekhodi.* |
| *d)* | *Uma ufaneleka ukukhululwa ekukhokheni noma iyiphi imali, sicela usho isizathu sokukhululwa.* |

Isizathu sokukhululwa ekukhokheni izimali:

______________________________________________________________________
______________________________________________________________________
______________________________________________________________________

F. **Indlela yokufinyelela kurekhodi**

*Uma uvinjelwa ukukhubazeka ukufunda, buka noma ulalele irekhodi ngendlela yokufinyelela enikezwe ko-1 ukuya koku-4 ngezansi, beka uhlobo lokukhubazeka kwakho bese ubonisa ukuthi irekhodi idingeka ngandlelani*

| Ukukhubazeka: | Indlela okudingeka ukuthi irekhodi libe yiyo: |
|---|---|
| | |
| | |
| | |

*Maka ibhokisi elifanele ngo-**X**.*

*AMANOTHI:*

*a) inkomba yakho ngendlela edingekayo yokufinyelela incike kwifomu okutholakala ngalo irekhodi.*

*b) Ukufinyelela kwifomu eliceliwe kunganqatshelwa ezimweni ezithile. Uma kunjalo uzokwaziswa uma ukufinyelela kuzonikezwa ngenye indlela*

*c) Imali ekhokhelwa ukufinyelela kurekhodi, uma ikhona, izonqunywa ngokuyingxenye yendlela okucelwa ngayo ukufinyelela*

**1. Uma irekhodi libhaliwe noma linyathelisiwe:**

| | | | |
|---|---|---|---|
| | Ikhophi yerekhodi | | Ukuhlolwa kwerekhodi |

**2. Uma irekhodi liqukethe izithombe ezibonakalayo –**
(Lokhu kuhlanganisa izithombe, amasilayidi, ukuqoshwa kwamavidiyo, izithombe ezenziwe ngekhompyutha, imidwebo njll)

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | Buka izithombe | | Ikhophi yezithombe | | Ukubhalwa kwezithombe |

**3. Uma irekhodi liqukethe amagama aqoshiwe noma imniningwane engenziwa kabusha ngomsindo:**

| | | | |
|---|---|---|---|
| | Lalela umculo (ikhasethi lomculo) | | Ukubhalwa komculo (umbhalo obhaliwe noma ophrintiwe) |

**4. Uma irekhodi ligcinwe kukhompyutha noma ngendlela ye-elekthronikhi noma efundeka ngomshini:**

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | Ikhophi yerekhodi ephrintiwe | | Ikhophi enyathelisiwe yolwazi oluthathwe kurekhodi | | ikhophi efundeka ngekhompyutha (i-*stiffy* noma i-*compact disc*) |

| | | |
|---|---|---|
| Uma ucele ikhophi noma umbhalo wamarekhodi (ngenhla), kungabe ufisa ukuthi ikhophi yalowo mbhalo uthunyelwe kuwe? | **YEBO** | **CHA** |

| **Uzokhokha imali yeposi** | | |
|---|---|---|
| *Qaphela ukuthi uma irekhodi lingatholakali ngolimi olukhethile, ukufinyelela kunganikezwa ngolimi irekhodi elitholakala ngalo* | | |
| Ufisa irekhodi ibe ngaluphi ulimi? | | |
| | | |

G. **Isaziso sesinqumo esimayelana nesicelo sokufinyelela**

| |
|---|
| *Uzokwaziswa ngokubhaliwe ukuthi isicelo sakho samukelwe/senqatshelwe yini. Uma ufisa ukwaziswa ngalokhu ngenye indlela, sicela ucacise indlela futhi unikeze imininingwane edingekayo ukuze kube nokuhambisana nesicelo* |

Ungathanda ukwaziswa kanjani ngesinqumo esiphathelene nesicelo sakho sokufinyelela kumarekhodi?

---

Kusayinwe e- ________________________ ngosuku lomhla ka ____________ku- ____________________we-2025

______________________________________________________

**UKUSAYINA KOCELAYO/ UMUNTU OFAKELWA ISICELO**

**ISITHASISELO SESI-2**

Council for Geoscience

**IZIMALI EZIQONDENE NEZINHLANGANO ZIKAHULUMENI NGOKWESAZISO SIKAHULUMENI SENOMBOLO-R.187 KUSAZISO SIKAHULUMENI SE-23119 SANGOMHLA KA 15 FEBHRUWARI WE-2002**

1. Imali ekhokhwayo yekhophi yencwajana njengoba kuhlongozwe kumthethonqubo wesi-6 (c) ingama-R0,60 ngekhopi ngayinye yekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo.

2. Izimali ezikhokhelelwa ukukhiqizwa kabusha okukhulunywa ngazo kumthethonqubo wesi-7 (1) zinjengokulandelayo:

| | |
|---|---|
| Kuwo wonke amakhophi ekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo | R0,60 |
| Kuwo wonke amakhophi ekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo | R0,40 |
| Ukuze uthole ikhophi efundeka ngekhompyutha-<br>(i) i-*stiffy disc*<br>(ii) I-*Compact Disc* | <br>R5,00<br>R40,00 |
| Ukubhalwa kwezithombe ezibonakalayo, ikhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo | R22,00 |
| Ikhophi yezithombe ezibonakalayo | R60,00 |
| Ukubhalwa kwerekhodi elilalelwayo, ikhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo | R12,00 |
| Ukuze uthole ikhophi yokuqoshiwe okulalelwayo | R17,00 |

3. Imali yesicelo ekhokhwa yilowo nalowo ocelayo, ngaphandle kocelayo ozimele, okukhulunywa ngaye kumthethonqubo wesi-7 (2) ngama-R35,00.

4. Imali ekhokhwayo ekhokhwa ocelayo okukhulunywa ngayo kuMthethonqubo wesi-7 (3 imi ngalendlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| Kuwo wonke amakhophi ekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo | R0,60 |
| Kuwo wonke amakhophi aphrintiwe ekhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo agcinwe kukhompyutha noma ngendlela efundeka ngogesi noma ngomshini | R0,40 |
| (i) i-*stiffy disc* | R5,00 |

| | |
|---|---|
| (ii) I-*Compact Disc* | R40,00 |
| Ukubhalwa kwezithombe ezibonakalayo, ikhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo<br>Ikhophi yezithombe ezibonakalayo | R22,00<br>R60,00 |
| Ukubhalwa kwerekhodi elilalelwayo, ikhasi elingu-A4 noma ingxenye yalo<br>Ukuze uthole ikhophi yokuqoshiwe okulalelwayo | R12,00<br>R17,00 |
| Ukucwaninga nokulungiselela irekhodi ukuze lidalulwe, ngehora ngalinye noma ingxenye yehora, ngaphandle kwehora lokuqala, edingeka ngokufanelekile kulokho kucwaninga nokulungiselela | R15,00 |

| |
|---|
| Ngezinhloso zesigaba sama-22 (2) soMthetho, kusebenza okulandelayo:<br>(a) Amahora ayisithupha njengamahora okumele adlule ngaphambi kokukhokha imali yesibambiso; kanye<br>(b) Ingxenye eyodwa kwezintathu yemali yokufinyelela ikhokhwa njengemali yesibambiso ngofaka isicelo. |
| Ukuthumela kwangempela kuyakhokhelwa lapho ikhophi lerekhodi kufanele lithunyelwe ocelayo |

**ISITHASILELO SESI-3**

Council for Geoscience

**IFOMU-B: ISAZISO SESIKHALAZO SANGAPHAKATHI**

(Isigaba sama-75 soMthetho Wokuthuthukisa Ukufinyelela Ulwazi, we-2000 (i-PAIA yenombolo yesi-2 we--2000)

| *Igama nekheli leposi, inombolo yefeksi noma ikheli le-imeyili lesikhulu solwazi/isekela lesikhulu solwazi* |
|---|

**A. Imininingwane Yomkhandlu Wesayensi Yomhlaba**

Ukunakwa: ____________________________________________

**Isikhulu Solwazi/Isekela Lesikhulu Solwazi:**

____________________________________________

____________________________________________

**B. Imininingwane yocelayo/umuntu wesithathu ofaka isikhalo sangaphakathi**

| | |
|---|---|
| *(a)* | *Imininingwane yomuntu ofaka isicelo sokufinyelela kurekhodi kumele inikezwe ngezansi.* |
| *(b)* | *Nikeza ikheli kanye/noma inombolo yefeksi kuRiphabhuliki lapho ulwazi kufanele luthunyelwe khona* |
| *(c)* | *Ubufakazi bamandla okufakwa kwesicelo, uma kusebenza, kufanele bufakwe* |
| *(d)* | *Uma lowo odlulisa isikhalo engumuntu wesithathu hhayi umuntu ocele ulwazi ekuqaleni, imininingwane yalowo ofake isicelo kufanele inikezwe ku-C ngezansi* |

Amagama aphelele nesibongo: ____________________________________________

Inombolo kamazisi: ____________________________________________

Ikheli Leposi: ____________________________________________

____________________________________________

Inombolo yefeksi: ______________________ Inombolo yocingo: ____________________

Ikheli le-imeyli: ____________________________________________

Amandla lapho isikhalazo sangaphakathi senziwa egameni lomunye umuntu: ____________

**C. Imininingwane yomuntu okwenziwe isicelo egameni lakhe**

| *Lesi sigaba kumele sigcwaliswe kuphela uma isicelo solwazi senziwa egameni lomunye umuntu.* |
|---|

Amagama aphelele nesibongo: ____________________________________________

Inombolo kamazisi / inombolo yenkampani: ____________________________________

### D. Isinqumo ngokuphathelene nesicelo sangaphakathi

| Faka uphawu u-x ebhokisini elifanele ngokuphathelene nesinqumo okufakwe ngaso isikhalo sangaphakathi: | |
|---|---|
| | Ukwenqatshelwa kwesicelo sokufinyelela |
| | Isinqumo mayelana nezimali ezibekwe ngokwesigaba sama-22 se-PAIA |
| | Isinqumo esimayelana nokwandiswa kwesikhathi lapho isicelo kufanele kubhekwane naso ngokwesigaba sama-26 (1) se-PAIA |
| | Isinqumo ngokwesigaba sama-29 (3) se-PAIA sokwenqaba ukutholakala kwefomu eliceliwe ocelayo |
| | Isinqumo sokunikeza isicelo sokufinyelela |

### E. Izizathu zesikhalazo

*Uma isikhala esinikeziwe singanele, sicela uqhubeke ephepheni elihlukile bese ulifaka kuleli fomu. Kumele usayine wonke amaphepha angeziwe*

Beka izizathu okusekelwe kuzo isikhalazo sangaphakathi:

---

Beka noma yiluphi olunye ulwazi olungase lufaneleke ekucabangeleni isikhalazo:

________________________________________________

### F. Isaziso sesinqumo sokudlulisa isikhalo

*Uzokwaziswa ngokubhaliwe ngesinqumo sesikhalo sakho sangaphakathi. Uma ufisa ukwaziswa ngenye indlela, sicela ucacise indlela futhi unikeze imininingwane edingekayo ukunika amandla okuhambisana nesicelo sakho*

Ungathanda ukwaziswa kanjani ngesinqumo esiphathelene nesicelo sakho?

________________________________________________

________________________________________________

Kusayinwe e- _____________ ngosuku lomhla ka ____________ku- ________________20

__________________________

**UKUSAYINA KOKHALAZAYO**

**IREKHODI ELISEMTHETHWENI LESIKHALAZO SANGAPHAKATHI:**

Isikhalazo sitholwe ______________________ (usuku) ngu-_______________________

________________________________________________________________________

Igama nesibongi sesikhulu solwazi/sesekela lesikhulu solwazi).

Izikhalazo ezihambisana nezizathu zesinqumo sesikhulu solwazi/zesekela lesikhulu solwazi kanye, lapho kufanele, imininingwane yomuntu wesithathu amarekhodi aqondene naye, ezihanjiswe yisikhulu solwazi/isekela lesikhulu solwazi ngo-______________(usuku) kusiphathimandla esifanele

**UMPHUMELA WESIKHALAZO:**

ISINQUMO SESIKHULU SOLWAZI/SESEKELA LESIKHULU SOLWAZI ESIQINISEKISIWE

ISINQUMO ESISHA: ________________________________________________________

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

_______________ ________________________

**USUKU** **ISIKHULU SOLWAZI**

KUTHOLWE ISIKHULU SOLWAZI/ISEKELA LESIKHULU SOLWAZI

KUSIPHATHIMANDLA ESIFANELE NGOMHLA KA______________ (usuku)_________